



It starts with a story...

## The power of books

**Books are powerful! They can shape the way we think and feel. They inspire us, and allow us to dream and to imagine. Books also help people to share what they know and understand with people they have never met. Books have the power to change lives!**

Every year on 23 April, South Africa celebrates World Book Day, which was created by UNESCO as a worldwide celebration of books and reading. It is celebrated in over 100 countries around the globe. World Book Day is a partnership between everyone who is passionate about getting children to love books and reading – authors, illustrators, publishers, literacy organisations, parents and other caregivers, teachers and librarians. We can all use this opportunity to make everyone more aware of how reading can be a satisfying and enjoyable activity – and of course, to invest in our children's literacy.

At Nal'ibali we believe that all children should:

- ✿ read regularly, purely for enjoyment.
- ✿ have access to a wide variety of books, from the moment they are born right through to adulthood.
- ✿ be allowed to use reading and writing in ways that are meaningful to them.
- ✿ have the opportunity to become literate in their home language and other languages.
- ✿ be inspired by the ways in which the adults around them use literacy on a daily basis.
- ✿ be encouraged and supported by all of us – at home and school, and in our libraries – as they travel on their literacy journey.

Last year on World Book Day, we launched our Children's Literacy Charter. This guide for adults describes the literacy experiences all our children should have if we want them to be able to use reading and writing successfully in their lives and to grow up full of curiosity to know more. (If you missed it last year, download your copy of the Children's Literacy Charter in any of South Africa's languages from our website: [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org).)

This year we are launching a version of this charter especially for children so that they become more aware of what they need to help them grow a love of reading, writing and books. Find a bilingual version of the Children's Literacy Rights poster inside this supplement – or download a version in another language from our website!

### INSIDE:

- ✿ Children's Literacy Rights poster
- ✿ Three new stories
- ✿ Ideas for celebrating World Book Day

### OKUNGAPHA KATHI:

- ✿ Iphosta yaMalungelo Ezingane Okwazi Ukufunda Nokubhala
- ✿ Izindaba ezintathu ezintsha
- ✿ Amacebo okugubha Usuku Lomhlaba Lwezincwadi

## Amandla ezincwadi

**Izincwadi zinamandla! Zingabumba indlela esicabanga nesizizwa ngayo. Zisifaka ugqozi, futhi zisivumela ukuthi siphuphe, sibe nemifanekiso yezinto emiqondweni. Izincwadi zisiza abantu futhi ukuthi babelane ngalokho abakwaziyo nabakuqondayo nabantu abangazange bahlangana nabo. Izincwadi zinamandla okuguqula izimpilo!**

Minyaka yonke ngomhla zingama-23 kuMbaso, iNingizimu Afrika igubha Usuku Lomhlaba Lwezincwadi, olwasungulwa i-UNESCO njengomgubho womhlaba wonke wezincwadi kanye nokufunda. Ugujwa emazweni angaphezu kwayi-100 emhlabeni wonke. Usuku Lomhlaba Lwezincwadi lungukuhlanganyela phakathi kwabantu abanentshisekelo yokuthi izingane zithande izincwadi nokufunda – ababhali, abenza imidwebo, abashicilela izincwadi, izinhlango ezikhuthaza ukwazi ukufunda nokubhala, abazali kanye nabanakelwa izingane, othisha kanye nabasebenzi basemitatsheni yezincwadi. Sonke singalisebenzisa leli thuba lokwazisa wonke umuntu ngokuthi ukufunda kungaba kanjani umsebenzi oneliso nothokozelekayo – kanti nempela, nabo baze batshale okuthile ekukhuthazeni ukwazi ukufunda nokubhala ezinganeni.

KwaNal'ibali sikholelwa ekutheni izingane kumele:

- ✿ zifunde njalo ukuzithokozisa.
- ✿ zikwazi ukufinyelela ezincwadini ezahlukene, kusukela ngesikhathi zizalwa kuze kube yisikhathi lapho sezikhulile.
- ✿ zivunyelwe ukuthi zisebenzise ukufunda nokubhala ngezindlela ezenza umqondo kuzo.
- ✿ zibe nethuba lokwazi ukufunda nokubhala ngolimi lwazo lwasekhaya kanye nangezinye izilimi.
- ✿ zifakwe intshisekelo ngezindlela abantu abadala abakanye nazo abasebenzisa ngazo ukwazi ukufunda nokubhala nsuku zonke.
- ✿ zikhuthazwe futhi zixhaswe yithina sonke – ekhaya kanye nasesikoleni, kanye nasemitatsheni yethu yezincwadi – ngesikhathi zithatha uhambo lwazo lokwazi ukufunda nokubhala.


Ngonyaka odlule ngoSuku Lomhlaba Lwezincwadi, sethula Umqulu Wezingane Wokwazi Ukufunda Nokubhala. Lo mkhombandlela wabantu abadala uchaza lokho okwenzeka empilweni mayelana nokwazi ukufunda nokubhala okumele kwenzeka ezinganeni zethu zonke uma kuwukuthi sifuna zikwazi ukusebenzisa ukwazi ukufunda nokubhala empilweni yazo ngempumelelo, nokuthi zikhule zilangazelela ukwazi nokunye. (Uma ungazange uwuthole ngonyaka odlule, thwebula ngenisa yekhompuyutha Umqulu Wezingane Wokwazi Ukufunda Nokubhala nganoma yiluphi ulimi lwaseNingizimu Afrika ewebhusayithini yethu ethi: [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org).)

Kulo nyaka sethula uhlobo lwalo mqulu olwenzelwe ngokukhethekile izingane ukuze nazo zazi ukuthi zidingani ukuze zikhulise uthando lokufunda, ukubhala kanye nezincwadi. Thola iphosta yoMqulu Wezingane Wokwazi Ukufunda Nokubhala obhalwe ngezilimi ezimbili ngaphakathi kwalesi sithasiselo – noma ngolunye ulimi esizindenilwazi sethu!





Drive your imagination

Story Power.  
Bring it home.  
Walethe ekhaya amandla endaba.



# Children's Literacy Rights Amalungelo Ezingane Okwazi Ukufunda Nokubhala



All children can be powerful readers and writers! These are our literacy rights.  
Zonke izingane zingaba abafundi kanye nababhali abanamandla! Lawa amalungelo ethu okwazi ukufunda nokubhala.



**1** To listen to hundreds and even thousands of wonderful stories, and tell our own stories too.

Ukulalela amakhulu kanye nezinkulungwane imbala zezindaba ezimnandi, nokuthi sixoxe ezethu izindaba futhi.



**2** To use our own languages and learn other languages.  
Ukusebenzisa ulimi lwethu kanye nokufunda ezinye izilimi.

**3** To talk about stories and books with our friends, families and teachers.

Ukuxoxa ngezindaba kanye nezincwadi nabangani, imindeni kanye nothisha bethu.



**4** To be given opportunities to explore different types of writing – like stories, poems and information – from home and around the world.

Ukunikwa ithuba lokujula ngokubhaliwe okwehlukene – okufana nezindaba, izinkondlo kanye nolwazi – ekhaya kanye nasemhlabeni wonke.



**6** To get help from adults with our reading and writing, and with choosing interesting books to read.

Ukuthola usizo ebantwini abadala ngokuphathelele nokufunda kanye nokubhala, kanye nokukhetha izincwadi ezihlaba umxhwele esingazifunda.

**5** To spend time drawing, painting and playing with stories.

Ukuchitha isikhathi sidweba, sipenda futhi sidlala ngezindaba.



**7** To visit the library to find the books we want to read, and to grow collections of books at home.

Ukuvakashela umtapo wezincwadi ukuze sithole izincwadi esifuna ukuzifunda bese siba neqoqo lezincwadi ekhaya.



**8** To share our thoughts, dreams and stories through our own writing.

Ukwabelana ngemicabango, amaphupho kanye nezindaba zethu ngalokho esikubhalile.



# 10 ideas for World Book Day

Ukuze uthole la macebo ngesiZulu, phenya ikhasi lesi-4.

"A book is a dream you hold in your hands."  
Neil Gaiman,  
author

Here are some ideas for ways in which you can celebrate books and stories on World Book Day and long after the day itself!

1. Cut out the Children's Literacy Rights poster on page 2. Talk about it with your children and then display it in your classroom, in your library or on your fridge at home. Remember to talk about it again from time to time.
2. Nursery rhymes and songs are a great way to get very young children involved in World Book Day. Find books that have traditional rhymes and songs for babies and children in your home language and share them with your children – and don't forget to also share the ones you were taught as a child!
3. Read a story to your children and then suggest that they use playdough or clay to make models of the characters. Let them use their models to retell the story or tell their own stories. (If you are a teacher or librarian, you can divide the children into groups and let each child make a model of a different character from the story.)
4. Talk to primary- or high school-aged children about how having books in your life makes a difference. Then ask them to draw a picture, create a poster or a song or dance, or write a poem or rap to share their ideas with others. Remember to find an opportunity to display the children's pictures or posters, or to let them perform their songs, dances, poems or raps!
5. Ask the children to make a small donation for the right to come to school or your reading club dressed up as a favourite character from a book or story. Use the money raised to buy some new books for your school or club!
6. Provide some paper, pencil crayons and pens, and get older children to create their own picture books. Then set up a time for them to read their books to a group of younger children.
7. At the top of a large sheet of paper, write: **Books I think you would enjoy**. Under it create columns like this:
 

Book title	Author	My name	Age

Display the sheet of paper in your home, reading club, classroom, school or library, and encourage everyone to write up the names of books they have enjoyed reading. If you leave it up for long enough, you might have to add another sheet!
8. Have a readathon and see how many books each of you can read in a week! Or, encourage your children to see how many of each other's favourite books they can read in a week.
9. Get everyone to draw a picture of a character from one of the stories in this supplement or from a book they have enjoyed. Ask them to draw speech bubbles around the character and to then write questions they would like to ask the character in these bubbles.
10. Take photographs of you and your children enjoying one of the above activities (or any other World Book Day activity) and send it to us at [info@nalibali.org](mailto:info@nalibali.org), or post them on Facebook or Twitter using the hashtag **#WorldBookDay**. We'd love to share what you did with others on our Facebook page or in the Nal'ibali supplement!

## Reading club tip

Make your World Book Day celebrations a success by:

- ✓ planning well in advance, even if you have to celebrate after 23 April.
- ✓ meeting with the volunteers at your club to decide what you will do and who will be responsible for what.
- ✓ deciding beforehand which books and stories you'll focus on.
- ✓ telling the children what they can expect on the day.
- ✓ inviting the children's parents and caregivers to join in the celebrations at your club.

## WIN WITH NAL'IBALI AND PUKU!

It's time to get your pens out! The Puku Children's Literature Foundation has extended the deadline on its story-writing competition to 20 July 2015. To enter, you need to submit a handwritten story of between 500 and 1 500 words in isiXhosa on taking care of the environment. Children between the ages of 13 and 19 may take part. There are wonderful prizes to the value of R18 000 to be won! Send your story to: Puku Story Competition, PostNet Suite #14, Private Bag X1672, Grahamstown, 6140. For more details visit: [www.puku.co.za](http://www.puku.co.za).

## WINA NGONAL'IBALI NOPUKU!

Sekuyisikhathi sokuthi nibhale! I-Puku Children's Literature Foundation seyihlehlise isikhathi esingumnqamlajuqu emncintiswaneni wayo wokubhala izindaba saba umhla zingama-20 kuNtulikazi wezi-2015. Ukuze ungenele, udinga ukufaka indaba ebhalwe ngesandla enamagama aphakathi kwangama-500 kanye ne-1 500 ngesiXhosa emayelana nokunakekela isimo sendawo. Zingabamba iqhaza izingane ezineminyaka eyi-13 ukuya kweyi-19. Kunemiklomo emihle yenani elingama-R18 000 ezowinwa! Thumela indaba yakho ku-Puku Story Competition, PostNet Suite #14, Private Bag X1672, Grahamstown, 6140. Ukuze uthole eminye imininingwane vakashela ku-[www.puku.co.za](http://www.puku.co.za).



# Imiqondo eyi-10 yalokho okungenziwa ngoSuku Lomhlaba Lwezincwadi

Turn to page 3 for these ideas in English.

"Incwadi iyiphupho oliphethe ezandleni zakho."  
Neil Gaiman, umbhali

Nansi eminye imiqondo emayelana nezindlela ongagubha ngazo izincwadi nezindaba ngoSuku Lomhlaba Lwezincwadi kanye nangemuva kwalolo suku uqobo!

1. Sika ukhiphe iphosta yaMalungelo Ezingane Okwazi Ukufunda Nokubhala ekhasini lesi-2. Xoxa ngayo nezingane zakho bese uyiphanyeka egumbini lakho lokufunda, emtatsheni wakho wezincwadi noma efrijini lakho ekhaya. Khumbula ukude ukhuluma.
2. Imilolozelo kanye namaculo kuyindlela enhle yokwenza ukuthi izingane ezincane kakhulu zizibandakanye oSuku Lomhlaba Lwezincwadi. Thola izincwadi ezinemilolozelo yendabuko kanye namaculo abantwana abancane kanye nezingane ngolimi lwakho lwasekhaya bese wabelana ngakho nezingane zakho – futhi ungakhohlwa nokwabelana ngalezo owazifundiswa useyingane!
3. Fundela izingane zakho indaba bese uphakamisa ukuthi azisebenzise inhlama yokudlala noma ibumba ukuze zakhe imifanekiso yabalingiswa. Zivumele ukuthi zisebenzise lokho ezikwakhile ukuze zixoxe kabusha indaba noma ukuthi zixoxe izindaba zazo. (Uma unguthisha noma umsebenzi wasematsheni wezincwadi, ungahlukanisa izingane zibe ngamaqembu bese uvumela ingane ngayinye ukuthi yenze umfanekiso wayo womlingiswa ohlukile wasendabeni.)
4. Xoxa nezingane ezineminyaka engangeyezingane ezisemabangeni aphantsi noma ezisemabangeni aphezulu mayelana nokuthi kwenza umehluko ongakanani ukuba nezincwadi empilweni yakho. Bese ubacela ukuthi badwebe izithombe, bakhe iphosta noma noma iculo noma umdanso, noma babhale inkondlo noma benze i-rap ukuze babelane ngemiqondo yabo nabanye. Khumbula ukuthi uthole ithuba lokuphanyeka izithombe noma amaphosta ezingane, noma ukuthi benze amaculo, imidanso, izinkondlo noma ama-rap!
5. Cela izingane ukuthi zenze umnikelo omncane ngelungelo lokuya esikoleni noma ethimbeni lokufunda ugqoke njengomlingiswa omthandayo wasencwadini noma endabeni. Sebenzisa imali etholakele ukuze uthenge ezinye izincwadi ezintsha zesikole noma ithimba!
6. Hlinzeka ngamaphepha, amakhrayoni amapensela kanye namapeni, bese wenza ukuthi izingane ezindala zenze ezazo izincwadi zezithombe. Bese ubeka isikhathi sokuthi bafundele izincwadi zabo ithimba lezingane ezincane.
7. Phezulu ephepheni elikhulu, bhala ukuthi: **Izincwadi engicabanga ukuthi ungazithokozela.** Ngaphansi kwakho yenza uhlu olufana nalolu:
 

Igama lencwadi	Umbhali	Igama lami	Iminyaka yobudala

Phanyeka iphepha elikhulu ekhaya lakho, ethimbeni lokufunda, egumbini lokufunda, esikoleni noma emtatsheni wezincwadi, bese ukhuthaza wonke umuntu ukuthi abhale amagama ezincwadi athokozele ukuzifunda. Uma ulibeka isikhathi eside ngokwanele kungenzeka ukuthi wengeze elinye iphepha!

8. Yibani nomqhudlwano wokufunda ukuze nibone ukuthi umuntu ngamunye kinina uzofunda izincwadi ezingaki ngesonto! Noma, ukhuthaze izingane zakho ukuthi zibeke ukuthi zingafunda izincwadi ezithandwa ngezinye izingane ezingaki ngesonto.

9. Yenza ukuthi wonke umuntu adwebe isithombe somlingiswa ovela kwenye yezindaba ezikulesi sithasiselo noma ovela encwadini ayithokozele. Bacele ukuthi badwebe amabhamuza enkulumo eduze komlingiswa bese bebhala imibuzo abangathanda ukuyibuza umlingiswa kula mabhamuza enkulumo.

10. Thatha izithombe zakho nezingane zakho nithokozela omunye wemisebenzi engenhla (noma omunye wemisebenzi yoSuku Lomhlaba Lwenzwadi) bese usithumelela zona ku-[info@nalibali.org](mailto:info@nalibali.org), noma uzifake ku-Facebook noma ku-Twitter usebenzisa u-hashtag **#WorldBookDay**. Singathanda ukwabelana ngalokho enikwenzile nabanye ekhasini lethu laku-Facebook noma esithasiselweni sakwaNal'ibali!

## Amathiphu ethimba lokufunda

Yenza imigubho yakho yoSuku Lomhlaba Wonke Lwezincwadi lube yimpumelelo:

- ✓ ngokuhlela isikhathi sisekude, noma ngabe nizogubha lolu suku ngemva komhla zingama-23 kuMbasa.
- ✓ ngokuhlangana namavolontiya asethimbeni lakho ukuze ninqume ukuthi nizokwenzani nokuthi ubani ozoba nesibophezelo sokwenza ini.
- ✓ ngokunquma ngaphambi kwesikhathi ukuthi yiziphi izincwadi kanye nezindaba enzizogxila kuzo.
- ✓ ngokutshela izingane ukuthi zingalindelani ngalolo suku.
- ✓ ngokumema abazali kanye nabanakekela izingane ukuthi bazohlanyela nani emgubheni wethimba lenu.

## Create your own cut-out-and-keep books


1. Take out pages 5 to 12 of this supplement.
2. Separate pages 5, 6, 11 and 12 from pages 7, 8, 9 and 10.
3. Follow the instructions below to make each book.
  - a) Fold the sheet in half along the black dotted line.
  - b) Fold it in half again.
  - c) Cut along the red dotted lines.

## Zenzele ezakho izincwadi ozozisika uzikhiphe bese uzigcina

1. Khipha ikhasi lesi-5 ukuya kwele-12 kulesi sithasiselo.
2. Hlukanisa amakhasi 5, 6, 11 kanye nele-12 emakhasini 7, 8, 9 nele-10.
3. Landela imiyalelo engezansi ukuze wenze incwadi ngayinye.
  - a) Songa iphepha libe nguhhafu ngokulandela umugqa wamachashazi amnyama.
  - b) Lisonge libe nguhhafu futhi.
  - c) Sika ulandele imigqa yamachashazi abomvu.



UBhungeane wathi, "Cha, angiyibonanga, kodwa ngizonisiza ukuyifuna!"  
 Wagibela emhlan' eFudu wase ehamba noMnenke noNdlunkulu kanye noBhungeane behleli emhlan' wakhe.  
 Bafuna, bafuna futhi, kodwa yayingabonakali ndawo indlu. Kwagala ukuhleleza komoya.



Ladybird said, "No, I haven't, but I'll help you look!"  
 She hopped onto Tortoise's back and on he went, with Snail and Sparrow and Ladybird sitting on his back.  
 They looked and looked, but there was no sign of a house. A breeze started to blow.

Fold

Emva kwesikhashana bedlula uGundane. Wayenza umqhele wezimbal' zamadeyizi. "Ngabe kukhona enikufunayo?" kubuza uGundane. "Yebo, Gundane ngifuna indlu yami. Ngabe uke wayibona yini?" kubuza uFudu. UGundane wathi, "Cha, angikaze ngiyibone, kodwa ngizonisiza ukuyifuna!" Wagibela emhlan' eFudu.



A little later they passed Mouse. He was making a garden of daisies.  
 "Are you looking for something?" asked Mouse. "Yes, Mouse, I'm looking for my house. Have you seen it, by any chance?" asked Tortoise. Mouse said, "No, I haven't, but I'll help you look!"  
 He hopped onto Tortoise's back.

# Tortoise finds his home

## UFudu uthola ikhaya lakhe



Maya Fowler  
 Katrin Coetzer

We believe every child should own a hundred books by the age of five.

Become a book-sponsor and help change the world.

Get involved at [bookdash.org](http://bookdash.org)



Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark children's potential through storytelling and reading. For more information, visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



UNal'ibali umkhankaso wokufundela ukuzithokozisa kazwelonke wokokhela lokho okungenziwa izingane ngokuxoxa nokufunda izindaba. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma ku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



Fold




One day Tortoise was walking through the veld. He was looking and looking. He gazed into the distance and squinted at the grass.

Then he walked past Snail.

“Are you looking for something?” asked Snail.

“Yes, Snail, I’m looking for my house. Have you seen it, by any chance?” asked Tortoise.




Emva kwesikhashana bedlula uBhungane. “Ngabe kukhona enikufunayo?” kubuza uBhungane. “Yebo, Bhungane, ngifuna indlu yami. Ngabe uke wayibona, kodwa?” kubuza uFudu.

A little later they passed Ladybird. “Are you looking for something?” asked Ladybird. “Yes, Ladybird, I’m looking for my house. Have you seen it, by any chance?” asked Tortoise.




“Oh, here is Tortoise’s house!”

“Hawu, nansi indlu kaFudu!”



Tortoise walked on, with Snail and Sparrow and Ladybird and Mouse on his back. They looked and looked, but there was no sign of a house. The wind swept leaves off the ground and swirled them around Tortoise’s feet. Tortoise got tired. “You lot are heavy,” he sighed. “The wind got stronger. The sky turned dark. “Oh, where is my house?” asked Tortoise. Thunder roared in the hills. Lightning flashed in the distance. *Drip-drip* came the rain. “Oh, where is Tortoise’s house?” asked Snail and Sparrow and Ladybird and Mouse.

Kwathi lapho umbhejane lo usunamagama ayikhulu kuwo noJoseph eseyikhetha, kwaba khona umlilo wamadalelo owawubhehethekiswa umoya omkhulu, owabeka umuzi engozini. Amadoda azama ukucima amalangabi ngesikhathi abatazi bebhatha zonke izingane kanye nabantu abadala beyobabeka endaweni ephaphile. Bathathwa bonke ngaphandle kuJoseph, kwase kwedule isikhathi lapho befinyelela kuye. Ukushona kwakhe kwaphatha kabi wonke umuntu.



Fold

When the cradle had a hundred names on it and Joseph was an old man, a wild fire that was driven by terrific winds threatened the village. The men battled the flames while the women got all the children and the elderly to safety. All but Joseph, it was too late by the time they reached him. His death touched everyone.



When the old yellowwood tree blows down, Joseph carves a beautiful cradle from it for his new baby daughter, Sisi. The cradle passes from baby to baby in their village, and each baby's name is carved on its sides. Then a fire sweeps through the village, and kills Joseph. Years later when Sisi is expecting her first grandchild, she looks for the cradle, but can't find it. She fears that it has also been destroyed ... but she's in for a wonderful surprise.

Lapho kwephuka isihlahla esidala soMsoni, uJoseph ubaza umbhejane wokushushuzela ingane womntwana wakhe osanda kuzalwa, uSisi. Umbhejane wokushushuzela umntwana usuka kule ngane uye kwelandelayo emuzini, bese kuqoshwa igama lengane ngayinye ezinhlangothini zombhede. Umlilo ushisa konke emuzini, ubulale noJoseph. Ekuhambeni kweminyaka ngesikhathi uSisi elindele ukufika komzukulule wakhe wokuqala, ubheka umbhejane wokushushuzela ingane yonke indawo, kodwa akawutholi. Uba novalo lokuthi nawo washa ... kodwa kukhona angakulindele okuzokwenzeka.


# Joseph's cradle

## Umbhejane kaJoseph wokushushuzela ingane



Jude Daly  
Magriet Brink

Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark children's potential through storytelling and reading. For more information, visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



UNal'ibali umkhankaso wokufundela ukuzithokozisa kazwelonke wokokhela lokho okungenziwa izingane ngokuxoxa nokufunda izindaba. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma ku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



Fold

Usana ngalunye oluzelwe kulo muzi lwalidliswa  
 embhejaneni kaJoseph. Ngokukhulu ukucophelela,  
 wayengeza igama losana ohlwini olukhulayo  
 olugoshwe emaceleni awo.



Nlengoba babenza abantu bonke emuzini lo, USisi  
 wachitha isikhathi sakhe akha kabusha, elungisa  
 futhi esusa ukungcola ngenwa komlilo. Ngakho  
 kwedlula isikhathi eside ngaphambi kokuba acabange  
 ngombhejana kayise. Ngabe ukuphi? Ngabe  
 uyasetshenziswa? Kodwa kwakungekho muntu  
 owawukuye emzini lowo. Okwakudabukisa ukuthi  
 kwakungenzeka ukuthi nawo wawushe emilweni.  
 Umzukulw kasisi, owayezozalwa ngenyanga egcwele  
 elandelayo, wayengeke esalala kuwo.

Like the rest of the village, Sisi spent her time re-building,  
 fixing and cleaning up after the fire. So it was a while  
 before she thought of her father's cradle. Where was it?  
 Was it being used? But no one in the village had it. Sadly, it  
 too must have been lost to the fire. Now Sisi's grandchild,  
 due by the next full moon, would never sleep in it.



Shortly before Sisi was born, a terrific wind  
 brought down the old yellowwood tree that  
 had, it seemed, stood in the village forever.  
 The loss was felt by everyone. Never again  
 would children swing from its branches and  
 never again would people find shelter from  
 the hot sun in its dappled shade.






Kodwa, emzini ababakhelele nawo, indodana kaThemba encane yayikhula ngamandla. Yayingasenele embhejani uThemba ayeke walala kuwo. Ngakho, wayishushuzela indodana yakhe yalala kuwo okokugcina. Wayemsizile uJoseph ngokumvumela ukuthi athathe umbhejani lowo awususe kulo muzi. Manje kwase kuyisikhathi sokuwubuyisela emuva.

But, in a neighbouring village, Themba's baby son was growing fast. Already he had outgrown the very cradle that Themba had once slept in. So, for the last time, he rocked his son to sleep in it. It had been kind of Joseph to let him take the cradle out of the village. Now it was time to take it back.



Kungekudala, uSisi wakhula wangababesela owayezowubenzisela usana lwakhe. Kwaba ukugqala kwenqubo eyayisizolandelwa.

All too soon, Sisi outgrew the cradle and it was passed to a neighbour for his newborn baby. A tradition had begun. Each newborn baby in the village slept in Joseph's cradle. Then, with great care, he would add their name to the growing list carved on its sides.



That night Sisi stood and watched as an almost full moon rose high in the sky. Soon a newborn baby, Joseph's first great-grandchild, would be rocked to an African lullaby in a beautiful yellowwood cradle. "Thula thul, Thula baba, Thula sana."

Ngalobo busuku uSisi wama wabuka ngesikhathi inyanga eyayisicishe igwale iphakama esibhakabhakeni. Esikhathini esingengakanani umntwana ongumzukululu wokuqala kaJoseph, wayezoshushuzelwa ngomlolozelo wase-Afrika kulowo mbhejani omuhle owenziwe ngomsonti. "Thula thula, Thula mntwana, Thula sana."

Lapho sekusele izinsuku ezimbalwa ngaphambi kokuba kuzalwe uSisi, isiphapho esikhulu sawisa isihlahla esidala somsonti, okwakungathi, sase sime emzini lowo kusukela endulo. Ukulahlekelwa okunje bakuzwa bonke abantu. Izingane zazingeke ziphinde zishwibeke emagatsheni aso kanti nabantu babengeke besahlala ngaphansi komthunzi waso omahwalahwala.


Lapho esezelwe uSisi, kwakuyilo mbhejana lapho ayelaliswa khona, ashushuzelwe ukuze alale ngomlozelo wase-Afrika othi, "Thula thula, Thula mntwana, Thula sanda".



And when Sisi was born, it was in this cradle that she was rocked to an African lullaby, "Thula thul, Thula baba, Thula sanda."

Fold

The next day, to the sounds of ululating and the stamping of feet, Themba returned the cradle to the village, and to Sisi. On its sides, there were now a hundred and one babies' names and on the headboard, carved with great care, just one name ... Joseph.




But Sisi's father, Joseph, was determined that the old tree should not be forgotten and so he set about carving a cradle from its beautiful wood.

Kodwa uyise kaSisi, uJoseph, wayezimisele ngokuthi abantu bangakhohlwa yilesi sihlahla esidala, ngakho wabaza umbhejana wokushushuzela umntwana ngokhuni kwaso oluhle.




Ngakusasa, kwakizwa nabantu bagida, lapho uThemba ebuyisela umbhejana lo kulo muzi nakuSisi. Ezinhlangothini zawo, kwase kukhona amagama abantwana ayikhulu nomuvo, kanti ngasekhanda lawo kwakuqoshwe ngokucophelela, igama elilodwa nje kuphela ... elithi Joseph.



UFudu waqhubeka nohambo, noMnenke noNdlunkulu noBhungane noGundane behlel emhlane wakhe. Bafuna, bafuna, kodwa lutho ukubonakala indlu. Umoya washanela amahlamvu phansi andiza azungeza izinyawo zikaFudu. Wakhathala uFudu. "Niyasinda bakwethu," kukhala yena. Umoya waba namandla. Isibhakabhaka saba myama. "Kazi iphi indlu yami?" kubuza uFudu. Kwavungama ukuduma emagqumeni. Kwathi phazi umbani kude. Co-co, kwehla imvula. "Kazi ikuphi indlu kaFudu?" kubuza uMnenke noNdlunkulu noFudu noGundane.

And then came the hail, *tip-tip-tip*. Tortoise got such a fright he shrank into his shell. It was warm and cosy there. "Oh, here is my house!" he said. Kwase kwehla isichotho, *hwa-hwa-hwa*. UFudu wethuka kakhulu wagoqana wangena egobolondweni lakhe. Kufudumele futhi kuthokomele lapha. "Mameshane, nansi indlu yami!" kusho yena.



He flapped his wings and he whizzed away. "But you're going too fast for me," complained Tortoise. Sparrow came back. "All right, then I'll hop on too." Tortoise carried on walking, with Snail and Sparrow perched on his shell. They looked and looked, but there was no sign of a house. The sun had inched lower in the sky. Wabhula amaphiko akhe washaya wachitha. "Kodwa usheshakakhulu, uyangishiya," kukhala uFudu. UNdlunkulu wabuza. "Kulungile-ke, nami ngizogibela kuwe?" UFudu waqhubeka nohambo, kuqhwa kele uMnenke noNdlunkulu egobolondweni lakhe. Bafuna, bafuna futhi, kodwa lutho ukubonakala indlu. Ilanga lase lithe ukwehla esibhakabhakeni.

Ngelinye ilanga uFudu wayezihambela endle. Wayefuna ndawo zonke. Wayesinga kude aphinde anciphise amehlwana otshanini. Wase edlula uMnenke. "Ngabe kukhona yini okufunayo?" kubuza uMnenke. "Yebo, Mnenke, ngifuna indlu yami. Ngabe uke wayibona, kodwa?" kubuza uFudu.



Emva kwesikhshama bedlula  
inyoni, uNdlunkulu.  
“Ngabe kukhona enikufunayo?”  
kubuzwa uNdlunkulu.  
“Yebo, Ndlunkulu, ngifuna indlu yami.  
Ngabe uke wayibona, kodwa?” kubuzwa uFudu.  
UNdlunkulu wathi, “Cha, angikaze ngiyibone,  
kodwa ngizonisiza ukuyifuna!”

A little later they passed Sparrow:  
“Are you looking for something?”  
asked Sparrow.  
“Yes, Sparrow, I’m looking for my house.  
Have you seen it, by any chance?” asked Tortoise.  
Sparrow said, “No, I haven’t, but I’ll help  
you look!”

Snail said, “No, I haven’t, but I’ll help  
you look!”

She climbed onto Tortoise’s shell. Tortoise  
walked on with Snail on his back. They looked  
and looked, but there was no sign of a house.  
The sun was high in the sky.

UMnenke wathi, “Cha, angiyibonanga, kodwa  
ngizokusiza ukuthi uyifune!”

Wagibela egobolondweni likaFudu. UFudu  
waqhubeka nendlela noMnenke emhlane wakhe.  
Bafuna, bafuna, kodwa yayingabonakali ndawo  
indlu. Ilanga lase liphezulu esibhakabhakeni.



The wind whirled and whipped. It blew Snail  
and Sparrow and Ladybird and Mouse right off  
Tortoise’s back.

Umoya wazungeza wase uphephula  
izinto. Waphephula uMnenke noNdlunkulu  
noBhungane noGundane bawa emhlane kaFudu.





## Get story active!

After you and your children have read the storybooks in this supplement, you might like to try some of these ideas. Choose the ones that best suit your children's ages and interests.

### Tortoise finds his home

- ★ Discuss different homes with your children. What does their home look like? How is this the same and different from a tortoise's home?
- ★ Go through the story again, but this time pay attention to how the weather changes as part of the story. Find the words in the story that describe this and then ask your children to help you look for clues for these weather changes in the pictures.
- ★ Throughout the story, the animals try to help tortoise. Look at page 15 together and ask your children how they think Tortoise repaid their kindness at the end of the story.



## Yenza indaba ihlabe umxhwele!



Ngemva kokuthi wena kanye nezingane zakho senifunde izindaba zezincwadi kulesi sithasiselo, kungenzeka uthande ukuzama amanye alawa macebo. Khetha lawo ahambisana kangcono neminyaka kanye nalokho okuthandwa yizingane zakho.

### UFudu uthola ikhaya lakhe

- ★ Xoxisana nezingane zakho ngamakhaya ehlukene. Ngabe libukeka kanjani ikhaya lengane? Ngabe lifana noma lehluke kanjani ekhaya lofudu?
- ★ Funda indaba futhi, kodwa kuleli hlandla ubhekise ekushintsheni kwezulu njengengxenywe yendaba. Thola amagama asendabeni achaza lokhu bese ucela izingane zakho ukuthi zikusize uthole okukhomba umkhondo walezi zinguquko esimweni sezulu ezithombeni.
- ★ Endabeni yonke, izilwane zizama ukusiza ufudu. Bhokani ikhasi le-15 ndawonye bese ubuza izingane zakho ukuthi uFudu ubabonge kanjani ngokumsiza ekupheleni kwendaba.

## DID YOU KNOW?

Here are ten interesting facts about tortoises. How many of them did you already know?

1. Tortoises are reptiles and have scales all over their skin.
2. Many people think that tortoises only have a shell on top, but their protective shells actually go right around their bodies.
3. Tortoises' shells are bones that have grown outside their bodies to make a suit of armour for the tortoise.
4. Tortoises protect themselves from being eaten by pulling their heads, legs and tail into their shell.
5. Tortoises are vegetarians - they eat only plants!
6. They can live for as long as people do. Some of them live for over 90 years!
7. There are about 40 different types of tortoises living in different parts of the world.
8. South Africa has 12 different types of tortoises. This is the largest number of different tortoises in the world.
9. The smallest tortoise on the planet lives in Namaqualand.
10. Tortoises lived on Earth even before dinosaurs lived here!



## NGABE BEWAZI?

Nazi izinto eziyishumi ezingamaqiniso adinga ukwaziwa ngezimfudu. Zingaki kuzo obuvelo uzazi?

1. Izimfudu ziyizilwane ezihquzela ngezisu futhi zinezigece (scales) yonke indawo ezikhunjani zazo.
2. Abantu abaningi bacabanga ukuthi izimfudu zinegobolondo ngaphezulu kuphela, kanti empeleni amagobolondo azo azivikelayo akuwo wonke umzimba.
3. Amagobolondo ezimfudu angamathambo akhule ngaphandle kwemizimba yazo ukuze enze insiza eqinile yokuvikela ufudu.
4. Izimfudu zizivikela ukuthi zingadliwa ngokudonsela ngaphakathi egobolondweni amakhanda, imilenze kanye nemisila yazo.
5. Izimfudu ziyizilwane ezingayidli inyama - zidla izitshalo kuphela!
6. Zingaphila isikhathi eside njengaleso esiphilwa ngabantu. Ezinye zazo ziphila iminyaka eyevile kwengama-90!
7. Kunezinhlobo ezihlukene zezimfudu ezingalinganiselwa kwezengama-40 ezihlala ezindaweni ezahlukeni emhlabeni.
8. INingizimu Afrika inezinhlobo eziyi-12 ezahlukeni zezimfudu. Leli yinani elikhulu kakhulu lezinhlobo ezahlukeni zezimfudu emhlabeni.
9. UFudu oluncane kunazo zonke emhlabeni luhlala eNamaqualand.
10. Izimfudu zaziphila eMhlabeni nangaphambi kokuthi kuphile amadayinaso lapho!

### Joseph's cradle

- ★ Look at the illustrations more closely and discuss them with your children. Ask questions like the following:
  - **Pages 6 and 7:** Can you see Sisi? What is she doing? Can you see where her mother and father are? What are they doing?
  - **Pages 8 and 9:** What can you see in this picture?
  - **Pages 12 and 13:** Do you think the people in the village are happy to have the cradle back? How can you tell? Can you see all the names on the cradle?
- ★ Children love hearing about what they were like as babies! Tell them a story about when each of them was a baby.
- ★ Suggest that your children use paper and sticky tape to make a cradle and a baby to put inside it. Let them use these to tell their own stories.

### Umbhejane kaJoseph wokushushuzela ingane

- ★ Bukisisa imidwebo bese uxoxa ngayo nezingane zakho. Buza imibuzo efana nale elandelayo.
  - **Ikhasi le-6 nele-7:** Ngabe uyabona uSisi? Wenzani? Ngabe uyabona yini ukuthi ukuphi umama nobaba wakhe? Benzani?
  - **Ikhasi le-8 nele-9:** Ngabe ubonani kulesi sithombe?
  - **Ikhasi le-12 nele-13:** Ngabe ucabanga ukuthi abantu basemuzini bayakuthokozela ukubuya kombhejane wokushushuzela ingane? Ubona ngani? Ngabe uyawabona wonke amagama asembejane wokushushuzela ingane?
- ★ Izingane ziyathanda ukuzwa ukuthi zazinjani ngesikhathi zisengabantwana! Zixoxele ngayinye kuzo indaba emayelana nesikhathi isengumntwana.
- ★ Yenza isiphakamiso sokuthi izingane zisebenzise iphepha kanye netheyiphu enamathiselayo ukuze zakhe umbhejane wokushushuzela ingane kanye nengane ezizoyifaka ngaphakathi kwawo. Zivumele ukuthi zisebenzise lokhu ukuze zixoxe izindaba zazo.

## NAL'IBALI ON RADIO!

Enjoy listening to stories in isiZulu and in English on Nal'ibali's radio show: Ukhozi FM on Monday and Saturday from 9.20 a.m. to 9.30 a.m. SAfm on Monday to Wednesday from 1.50 p.m. to 2.00 p.m.



## UNAL'IBALI USEMSAKAZWENI!

Thokozelani ukulalela izindaba ngesiZulu nangesiNgisi ohlelweni lomsakazo lwakwaNal'ibali: Ku-UKhozi FM ngoMsombuluko nangoMgqibelo kusukela ngo-9.20 ekuseni ukuya ku-9.30 ekuseni. Ku-SAfm ngoMsombuluko ukuya kuLwesithathu kusukela ngo-1.50 emini ukuya ku-2.00 emini.



Drive your imagination

# Hare and Hedgehog

Retold by Elaine Ridge  Illustrations by Mieke van der Merwe

Many years ago there was a hare that could run faster than any other animal on the farm. He was very, very proud that he could run so fast. He could not help reminding the other animals what a fine runner he was.

"I am faster than the wind," he boasted again and again to his friend, Hedgehog.

One morning Hare and Hedgehog met at the gate leading to a field on the farm. It did not take Hare long to boast, "I am the best runner in the world. I am faster than the wind."

"I don't think so," said Hedgehog firmly. "I think even I could run faster than you."

"A slowcoach like you?" Hare laughed nastily. "You don't have a hope of running faster than me."



Hedgehog thought for a bit. Then he spoke quietly, "All right. Let's see who's faster. We can race against each other tomorrow. We will run from this gate to the bottom of the field and back again."

"Fine," said Hare. "I won't even have to run to beat you, old Short Legs."

"You'll see," said Hedgehog. "You don't have to have long legs to win a race, you know. I'll meet you at this gate tomorrow, just after sunrise. I will win the race. You must promise me that when I do you will never call me Short Legs or Slowcoach again."

"All right," agreed Hare, very sure of himself. "If you really want to race me, you can. I promise I will not call you Slowcoach or Short Legs – IF you win. Of course, that's never going to happen. I am faster than the wind. I will get to the bottom of the field and back while you are still thinking about starting. Then I will be able to call you Short Legs or Slowcoach as often as I like. Ha! Ha!"

Hedgehog told his older brother about the race, "Oh dear," said his brother, "you have made a terrible mistake. Whatever made you take on something so impossible? Hare is faster than the wind. Now he will be able to call you Slowcoach and Short Legs for the rest of your life."

"Don't worry," said Hedgehog. "I have a plan. A very clever plan. If you help me, we can teach Hare a lesson. He will have to stop boasting – and he will never be able to call me Slowcoach or Short Legs again!"

The next day Hedgehog got to the gate long before Hare. As usual, it took Hedgehog a long time to get there, but he was waiting with

a smile on his face when Hare bounded up just before the sun peeped over the hill.

"Good morning, Short Legs. Are you sure you still want to race me? You know you haven't the slightest chance of winning. Are you ready to be beaten? Remember, I can run faster than the wind," said Hare.

Hare was so sure that he was going to win that he had even been thinking up some new names to call Hedgehog after the race. This was going to be fun.

Hedgehog just smiled quietly. He stood calmly waiting at the starting line. "Let's just make sure of the rules," he said. "We're going to race to the bottom of the field, and then back to this gate, right?"

"Yes," said Hare. Then he shouted, "Ready! Steady! Go!" and bounded away as fast as he could.

As he got near to the bottom of the field, he couldn't help chuckling to himself. "Hedgehog is probably still trying to get started. Oh, he is such a slowcoach."

Imagine his surprise, then, when Hedgehog popped up cheerfully at the bottom of the field and cried out, "Got here before you!"

Hare stopped for a moment. Then he turned and ran back faster than he had ever run before. He didn't usually puff and pant, but he was puffing and panting and sweating by the time he touched the gate. He looked over his shoulder. There was no sign of Hedgehog. This time, he was sure he had won. Then a happy voice came from the other side of the gate. "Once again, I got here before you!" It was impossible! But there was Hedgehog, smiling sweetly at him.

Hare could not believe his eyes. Hedgehog had beaten him. He turned away and walked slowly home with his head hanging down.

But how had Hedgehog managed to beat Hare? The truth is that he didn't run at all. When Hare set off for the bottom of the field, Hedgehog hid near the gate. His brother was already hiding at the bottom of the field. When Hare reached the bottom of the field, it was the brother who popped up and said, "Got here before you!" Hare was so surprised that he didn't even notice that it was a different hedgehog. When Hare reached the finish, puffing and panting and sweating, all Hedgehog had to do was to come quietly out of his hiding place and say, "Once again, I got here before you!"



Hare never boasted again – at least not to Hedgehog. He became a much nicer friend. He never called Hedgehog nasty names again. And he never found out how Hedgehog had won the race.



# UNogwaja neNhloli



Ixoxwa kabusha u-Elaine Ridge  Imidwebo nguMieke van der Merwe

Eminyakeni eminingi edlule kwakukhona unogwaja owawugijima kunazo zonke ezinye izilwane epulazini. Wayeqhenya kakhulu, impela ngokuthi wayekwazi ukugijima ngesivinini esingaka. Wayengakwazi nokuzibamba elokhu exoxela ezinye izilwane ukuthi ungumsubathi ovelele kanjani.

"Ngigijima ngishiye nesithunzi," wayeqhoshela ngokuphindelela umngani wakhe, uNhloli.

Ngelinye ilanga ekuseni uNogwaja noNhloli bahlangana esangweni eliholela ensimini yasepulazini. Akuthathanga isikhathi eside ngaphambi kokuthi uNogwaja aqale ukuziqhayisa, "Ngingumsubathi ohamba phambili emhlabeni wonke. Ngigijima ngishiye nesithunzi."

"Angicabangi kanjalo," kusho uNhloli ngesankahlu. "Ngicabanga ukuthi nami ngingagijima ngikushiye."

"Njengoba ushaya ngonyawo lonwabu nje?" Wahleka inhlinini. "Akukho themba lokuthi ungagijima ngishiye."



UNhloli wathi ukucabanga isikhashana. Wase ekhulumela phansi, "Kulungile. Ake sibone ukuthi ubani ogijima ukudlula omunye. Singaqhudelana ngokugijima kusasa. Sizogijima sisuke kuleli sango siye ezansi nensimu siphinde sibuye futhi."

"Usho entshweni," kusho uNogwaja. "Akuzodingeka nokuthi ngigijime ukuze ngikuhlule, Milenze Emifishane omdala."

"Uzobona," kusho uNhloli. "Awunayo imilenze emide yokuwina umqhudelwano, uyazi. Sizohlangana kuleli sango kusasa, emva nje kokuphuma kwelanga. Ngizophumelela umqhudelwano. Kumele ungithembise ukuthi uma sengiphumelele umqhudelwano ngeke uphinde ungibize uMilenze Emifishane noma uNyawo Lonwabu futhi."

"Kulungile," kuvuma uNogwaja, efile ukuzethemba unkabi. "Uma ufuna ngempela ukuqhudelana nami, kulungile. Ngiyethembisa ukuthi ngeke ngikubize ngoNyawo Lonwabu noma uMilenze Emifishane – UMA uwina. Empeleni, into engeke yenzeka leyo. Ngigijima ngishiye nesithunzi. Ngizogijima ngiye ezansi nensimu ngiphinde ngibuye ngesikhathi usacabanga ukusuka. Ngizobe sengikwazi ukukubiza uMilenze Emifishane noma uNyawo Lonwabu kaningi ngendlela engiyithandayo. Ha! Ha!"

UNhloli waxoxela umfowabo omdala ngomqhudelwano, "O nkosi yami," kusho umfowabo, "wenze iphutha elikhulu. Kazi yini ekwenze ukuthi uvume ukwenza into engasoze yenzeka? UNogwaja ugijima ashiye nesithunzi. Manje usezokwazi ukukubiza uNyawo Lonwabu kanye noMilenze Emifishane impilo yakho yonke."

"Ungakhathazeki," kusho uNhloli. "Nginecebo. Icebo elihle kakhulu. Uma ungangisiza, singafundisa uNogwaja isifundo. Kuzomele ayeke ukugabisa – futhi ngeke aphinde akwazi ukungibiza ngoNyawo Lonwabu noma uMilenze Emifishane futhi!"

Ngosuku olulandelayo uNhloli wafika ngaphambi kukanoNogwaja esangweni. Njengenjwayelo, kwathatha uNhloli isikhathi eside ukuba afike lapho, kodwa wayelinde emamathekile ngesikhathi uNogwaja egxumagxuma efika ngaphambi kokuba kuvele ilanga eggumeni.

"Sawubona, Milenze Emifishane. Ngabe usafuna ukuqhudelana nami? Angithi uyazi ukuthi awunalo nethuba elincane lokuwina. Ngabe usukulungele ukwehlulwa? Khumbula ukuthi, ngigijima ngishiye nesithunzi," kusho uNogwaja.

UNogwaja wayeqinisekile ukuthi uzowina kangokuthi wayeseqale nokucabanga ngamagama amasha azobiza ngawo uNhloli ngemva komqhudelwano. Kwakuzoba mnandi lokhu.

UNhloli wavele wamatheka kancane. Walinda engenavalo emgqeni wokuqala komqhudelwano. "Asiqinisekise imithetho," kusho yena. "Sizogijima siye ezansi nensimu, bese sibuyela kuleli sango, angithi?"

"Yebo," kusho uNogwaja. Wase ememeza, "Lindela! Phakama! Suka!" wase esuka ethi nfinini ngesivinini angakwazi ukugijima ngaso.

Ngesikhathi efika ezansi nensimu, wayengakwazi nokuzibamba ukuhleka. "Kungenzeka ukuthi uNhloli usazama ukusuka. O, ave eshaya ngonyawo lonwabu."

Ake ucabange ukuthi wamangala kanjani, ngesikhathi, efika ezansi nensimu uNhloli wathi thushu ezansi nensimu ethokozile wamemeza wathi, "Ngifike kuqala kunawe!"

UNogwaja wama umzuzwana. Wase ephenduka ebuyela emuva ngesivinini esikhulu kunake agijima ngaso phambilini. Wayengavamisanga ukuhefuzela nokuba nephika, kodwa wayehfuzela ephethwe nayiphika futhi ejuluka ngesikhathi ethinta isango. Wajeqeza emuva kwamahlombe akhe. Yayingabonakali nangokhalo iNhloli. Kuleli hlandla, wayeqinisekile ukuthi wayewinile. Kwase kuzwakala izwi lothokozile ngaphesheya kwesango. "Ngiphindile futhi, ngafika la kuqala kunawe!" Kwakuyinto eyayingeke yenzeke! Kodwa nango phela uNhloli, emumamathekela kamnandi.

UNogwaja wayengawakholwa amehlo akhe. UNhloli wayemshiyile. Waphenduka kancane wase ehamba kancane ebuyela ekhaya egebise ikhanda.

Kodwa uNhloli wayemshiye kanjani uNogwaja? Eqinisweni ukuthi akazange agijime nhlobo. Ngesikhathi uNogwaja egijima eya ezansi nensimu, uNhloli ucashe eduze nesango. Umfowabo ubesecashe ezansi nensimu. Ngesikhathi uNogwaja efika ezansi nensimu, umfowabo lo owathi thushu wase ethi, "Ngifike kuqala kunawe!" UNogwaja wayemangele kangokuthi akazange abone ukuthi kwakuyinhlobo ehlukele. Ngesikhathi uNogwaja efika endaweni yokuphela komqhudelwano, ehfuzela ephethwe iphika futhi ejuluka, inye kuphela into okwakumele ukuthi uNhloli ayenze, kwakuwukuphuma ngokuthula lapho ayecashe khona bese ethi, "Ngiphindile futhi, ngafika kuqala kunawe!"



UNogwaja azange aphinde azigabise futhi – okungenani hhayi kuNhloli. Waba ngumngani omuhle kakhulu. Akazange aphinde abize uNhloli ngamagama amabi futhi. Futhi akazange athole ukuthi uNhloli wawuwina kanjani umqhudelwano.




# Nal'ibali fun

Neo and Bella love books! Can you find book words in the wordsearch block below?

AUTHOR  
COVER  
INFORMATION  
PAGES  
PICTURES  
READ  
STORY  
TITLE  
WRITE  
WORDS

C	B	L	M	P	W	O	A	W	S	T
T	O	A	C	A	R	D	U	R	T	F
I	N	F	O	R	M	A	T	I	O	N
T	W	G	V	H	J	L	H	T	R	P
L	O	M	E	N	Q	S	O	E	Y	A
E	R	U	R	E	A	D	R	X	T	G
P	D	A	Y	K	B	E	R	V	Z	E
W	S	C	P	I	C	T	U	R	E	S



## Okokuzithokozisa kwakwaNal'ibali


ONeo noBella bathanda izincwadi! Ngabe ungawathola amagama ezincwadi ebhlokhini lokucinga amagama ngezansi?

UMBHALI  
IKHAVA  
ULWAZI  
AMAKHASI  
IZITHOMBE  
FUNDA  
INDABA  
VULA  
BHALA  
IGAMA

U	M	B	H	A	L	I	W	W	S	I
A	M	A	K	H	A	S	I	R	T	K
I	N	F	O	F	M	A	B	I	O	H
T	W	G	V	U	L	W	A	Z	I	A
A	B	A	D	N	I	S	V	E	V	V
E	R	U	R	D	A	D	A	X	U	A
I	G	A	M	A	B	B	H	A	L	A
I	Z	I	T	H	O	M	B	E	A	S



Can you find six differences between these two pictures?  
Ngabe ungazithola izinto eziyisithupha ezihlukile kulezi zithombe ezimbili?



We hope you have enjoyed this Nal'ibali supplement! Remember it comes out every fortnight during school terms. Your next reading-for-enjoyment supplement will appear in the newspaper during the week of 26 April 2015.



Sithemba ukuthi usithokozele lesi sithasiselo sakwa-Nal'ibali! Sicela ukhumbule ukuthi siphuma kanye ngemuva kwamasonto amabili ngesikhathi kusavulwe izikole. Isithasiselo sakho esilandelayo sizophuma ephephandabeni ngesonto lamhla zingama-26 kuMbaso wezi-2015.

Supplement produced by The Project for the Study of Alternative Education in South Africa (PRAESA) and Times Media Education. Translated by Busisiwe Pakade. Nal'ibali character illustrations by Rico.

Daily Dispatch

The Herald

Sunday Times

SundayWorld

